**AMAZWI ENDUDUZO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO KWANONGOMA NGOMGQIBELO MHLAKA 28 APRIL 2012.**

Mphathi wohlelo;
AbaNtwana baseNdlunkulu;
Abefundisi;
Abombutho wamaphoyisa;
Izinhlaka zonke zomphakathi ezikhona;
Abemithombo yezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele umndeni esihlangene ngawo lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;

Ngithi sanibonani.

Masiqale ngokubonga ukuthi egameni likaHulumeni wesifundazwe omelwe umNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, sithole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yokuphelezela umfowethu uThabekhulu osishiye ngokuzuma futhi ngendlela ebuhlungu.

Bekulokhu kuyisifiso sami ukuthi ngibe yingxenye yokuzimazisa umndeni waKwaMpanza kusukela kwenzeke le nhlekelele esishiye sonke njengoHulumeni nesizwe sonke sishayisana ngamakhanda.

Ngenxa yokubambeka emisebenzini eminingi nje, ngize ngathumela iNhloko yomNyango ukuba izohlanganisa amakhanda namalungu omndeni ngoMsombuluko ukuze sibheke nje nesimo nokuthi yikuphi mhlambe umuntu angalekelela ngako esimweni esinzima obhekene naso.

Sifisa ukudlulisa ukudabuka kwethu koNgangezwe lakhe kanye neNdlunkulu yonke bese sithi shwele ngesigameko esinjena esisifakela amahloni njengesizwe saKwaZulu. Kuyaqala ngqa emlandweni walo Hulumeni wentando yeningi KwaZulu-Natal ukuba silahlekelwe umqaphi weSilo samaBandla ngalolu hlobo.

Uma umuntu ehambele inkonzo enjengalena-ke kuba yilapho ezibuza khona ukuthi ngempela kungani impilo iba nesihluku esingaka? Ngineqiniso ukuthi lo mbuzo iningi lethu lisazibuza wona nanamhlanje.

Ngiyazi ukuthi umndeni walapha KwaMpanza kanye neNdlunkulu kaZulu, kanye nomphakathi nje wonke, basalokhu bezibuza lo mbuzo kusukela kwenzeka le nhlekelele eyadlula nomfowethu uThembinkosi.

Noma ngabe asikakwazi ngokusemthethweni okuyimbangela yangempela yengozi njengoba nophenyo lusaqhubeka, kodwa kuyishwa elikhulu ukuthi namhlanje sifihla umuntu obeqinisekisa ukuphepha hhayi nje kwesizwe kuphela kodwa neNgonyama uqobo.

Kuyishwa ukuthi namhlanje sizohlonipha okokugcina iphoyisa elihambele emsebenzini ngenxa nje yengozi yomgwaqo.

Kodwa esifisa ukukugcizelela ngalesikhathi ngukuthi ukuhamba komfowethu uConstable Thembinkosi Mpanza kumuntu okude kungazwakala kuyisigameko nje okuthiwa kwenzeke ingozi kwashona iphoyisa. Kodwa iqiniso lithi kuthina esibonayo eduze akunjalo.

Yingakho nasemikhankasweni yethu sesiyaye siqwashise abantu bakithi ukuthi makungathi uma kukhulunywa ngezibalo zezingozi kube sengathi kukhulunywa ngezinombolo nje. Kumele sazi ukuthi kusuke kukhulunywa ngabantu osekuthe ngokudlula kwabo emhlabeni kwaba noshintsho emindenini yabo.

Phela siyazi ukuthi izingozi lezi ziqotha imvamisa abantu abasuke beya emsebenzini noma beyofuna wona umsebenzi. Lokhu kusho ukuthi ngezingozi kuhamba abantu abondla imizi kusale izintandane ezigcina seziwumthwalo kaHulumeni ngezibonelelo.

Angikholwanga nje nalapha ngenkathi ngithola ukuthi kanti uThembinkosi ubeseyinsizwa esencane kangaka futhi esenengane encane kangaka engakaqedi ngisho nonyaka owodwa izelwe. Uma ubheka uzobona-ke ukuthi maningi amaphupho aseshabalele kwabaningi ngokuhamba kwale nsizwa.

Kuyasikhathaza-ke futhi ukuthi le nhlekelele yenzeke ngenkathi siphuma emaholidini ePhasika lapho sibone ukwehla okumangalisayo kwesibalo sabantu abafa ezingozini zomgwaqo.

Le ngozi yenzeke nezinye ezihlanganisa nokufa kwezingane ezintathu zomndeni owodwa eMandeni, konke okwenzeke ngesikhathi sesithi sifuna ukuqinisa kakhulu, sakhele phezu kwalesi sisekelo sezibalo zangePhasika.

Nokho-ke njengoHulumeni nomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natali sifisa ukuqinisekisa abantu balesi sifundazwe ukuthi angeke siphele amandla.

Sizoqhubeka siqinise imikhankaso yethu yokulwa nezingozi zomgwaqo, siqinise ukusebenzisana nemiphakathi kanye nezinye izinhlaka ezahlukene ngaphansi kohlelo luka-Operation Val’ingozi.

Okunye futhi esikusekela ngokuphelele, ngukushintsha kwe-National Prosecuting Authority (NPA) indlela ababheka ngayo amacala athinta ukufa kwabantu emgwaqeni.

Sesikusho kaningi ukuthi sekuyisikhathi manje sokuthi amacala okubulala ngokungenhloso kumele athathwe njengawokubulala uma kubonakala ukuthi abantu babulawe ubudedengu bomshayeli okufanayo nokwenza into ngamabomu noma ngenhloso.

Kodwa mhlambe kusazofuna umuntu abheke ukuthi singazinxenxa kanjani izinkantolo zakithi ukuba zibe nezinqumo ezifanayo phela uma zisebenza amacala omgwaqo afanayo.

Uyabona nje, nakuba sikuhlonipha ukuzimela kwezinkantolo, kodwa kuyasidida ukuthi kunabantu abanikwa izigwebo ezilula lapha esifundazweni sakithi ngakolunye uhlangothi ko-Western Cape kube nabagwetshwa iminyaka ngokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo.

Kuyosithokozisa kakhulu-ke ukubona yonke imiphakathi isukuma iba ngasohlangothini lwethu uma silwela ubulungiswa kulolu daba.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngicela ukuxolisa emndenini waKwaThabekhulu ngokuthi nakuba sazi ukuthi inhloso yokuza kwethu lapha ngukuzoduduza wona ngale nhlekelele oyehlele, kodwa ngifisa ukuthinta kancane indaba yezimo zokusebenza kwamaphoyisa aqapha izikhulu zikaHulumeni, esithi i-VIP Protection Services.

NjengoHulumeni kubalulekile ukuba senze izimo zokusebenza kwala maphoyisa ama-VIP kube okuphephile ngaso sonke isikhathi.

Siyakuqondisisa ukuthi lona ngumsebenzi ongelula neze odinga ikhono nokucophelela okukhethekile. Yingakho phela la maphoyisa ethola ukuqeqeshelwa lo msebenzi ngaphezulu koqeqesho lwamaphoyisa olujwayelekile.

Kanjalo futhi kungumgomo wethu njengoHulumeni ukuba sibheke ukuthi izimemba zalolu phiko ziziphatha ngendlela efanele uma zihambisa oNgqongqoshe nezinye izikhulu ezifanele emigwaqeni yomphakathi. Akumele basebenzise amandla ngokungafanele, bagcine sebebeka engozini izimpilo zalabo ababavikelayo noma zabanye abasebenzisa umgwaqo.

Yingakho-ke kuthe uma kulokhu kwanda izikhalo nezinsolo zokungaziphathi kahle kwabaqaphi bethu, njengoMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngoMarch 28 kulo nyaka ngethula phambi kweKhabhinethi yesifundazwe inqubo-mgomo yokusetshenziswa kwamalambu aluhlaza.

Ngemuva kwalokho ngibe sengihlangana nawo wonke amaphoyisa asebenza kulolu phiko esifundazweni ukuze sikhulume ngezinto ezikhathaza umphakathi kanye nezinye ebengingazazi ezivezwe yibona ozakwethu abahlangabezana nazo ngenkathi behamba nabaqaphi.

Namanje futhi sisahlela ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uNomusa Dube waKwaCOGTA, ukuthi sihlangane nabo bonke laba abanye abanegunya lokusebenzisa ilambu eliluhlaza, njengalaba abahamba nezimeya.

Ngaleyo ndlela-ke sifisa ukusho ukuthi kuningi nokunye esikwenzayo ukuqinisa imigomo ukuze kwenziwe ngcono izinga lomsebenzi wokuvikela oNgqongqoshe nazo zonke ezinye izikhulu ezigunyaziwe.

Masibonge kakhulu-ke ukuthola ithuba lokuba kesiphefumule nathi singuHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esinehlele mndeni waMpanza kanye nesizwe sonke.

Siyaphinda siyabonga ukuba yingxenye yale nkonzo yomngcwabo womfowethu esibonayo ukuthi bekuseyimbali esaqhakaza esazokhiqiza izithelo ezinhle emndenini nasemphakathini.

Siyazi ukuthi noma ngabe yikuphi esingakwenza nesingakukhuluma njengoHulumeni kulesi sikhathi esinzima kanjena, okusempeleni awekho amagama nempahla okungavala isikhala somuntu ekhaya.

Siyazi futhi ukuthi amalungu omndeni esizowaduduza yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama.

Masinxuse-ke umphakathi wakithi ukuba uthathe lesi sehlo njengethuba lokuba wonke umuntu azibophezele ukuthi akukho ngozi yomgwaqo eyokwenzeka ngenxa yakhe. Masizibophezele ukuthi sizokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni yonke indawo lapho sihamba khona.

Sengathi iNkosi ingasigcina isiphephise kusuka manje siqhubeke njalo size sibone unyaka ozayo neminye elandelayo.

**Ngiyabonga**